

Kutholakale indawo ekhiqiza ugwayi engabhalisile

Tshwane, 17 kuMandulo 2021 – Kutholakale indawo engabhalisile ekhiqiza imikhiqizo kagwayi ebizwa nge-*molasses* / shisha ngesikhathi sopenyo eGauteng.

Umsebenzi wobunhloli wenziwa uPhiko lweziMali eziNgenayo eNingizimu Afrika (SARS) ngokusebenzisa i-National Rapid Response Team (NRRT) kanye noPhiko loHwebo olungeMthetho, lesekwa uMnyango wamaPhoyisa kanye ne-Johannesburg Metropolitan Police Department.

Le ndawo ixhumene nomkhiqizi kagwayi onemvume ngemikhiqizo yegama likagwayi etholakale emagcekeni. Indawo yokukhiqiza nayo yonke imishini nama-*molasses* kuboshiwe ukuze kuqhutshekwe nopenyo ngokuhambisana nemithethonqubo yentela nokuthelisa.

Ithimba elididiyele lokuphoqelela umthetho liphinde lenza umsebenzi wokuphenya nokushaqa ezitolo ezintathu eFordsburg, begxile ekuthengisweni kwemikhiqizo kagwayi okungemthetho. Ithimba lithole amakhathoni ayi-1337 e-*molasses* engekho emthethweni kanye nogwayi ongemthetho olinganiselwa enanini lika-R400 000.

Izimpahla zaboshwa zasuswa kuleyo ndawo kusalindwe ukukhishwa kwamadokhumenti okungenisa impahla ezweni / okuthenga kuleli, ukuqinisekiswa komthamo kanye nokuqhubeka kopenyo ekuhloleni ukuthi ngabe izintelo ezifanele zakhokhwa na kwa-SARS.

Ngesikhathi kwenziwa lo msebenzi, umninitolo wezinye zezitolo ezihlonziwe uzame ukufumbathisa esinye sezisebenzi zakwaSARS “ukwenza icala linyamalale” ngemali ecishe ibe ngu-R30 000. Kwavulwa icala lobugebengu noMnyango wamaPhoyisa ngokuzama ukufumbathisa kanti lowo muntu waboshwa.

Komunye umsebenzi, i-SARS NRRT ihlole umthwalo wekhontena engu-40ft kwesinye sezikhumulo ezinemvume eCity Deep. Umthwalo wadalulwa njengamakhadi okudlala angeniswe evela eChina eza eNingizimu Afrika engena ngechweba laseDurban uza eCity Deep.

Uphenyo luthole ikhontena egcwele izingubo zokugqoka ezinenani lomnyango wokutheliisa lokudalula elingu-R550 000.00 kodwa ezazidalulwe njengamakhadi okudlala. Izingubo zokugqoka ziboshiwe ukuze kuqhutshekwe nezinye izinyathelo kanti icala lobugebengu ngokushushumbisa nokukhwabanisa lavulwa eMnyangweni wamaPhoyisa.

UKhomishana u-Edward Kieswetter uthe isikhungo besizimisele ukwenza kube nzima futhi kumbe eqolo kubakhokhintela nabahwebi abangathobeli imigomo yentela. Uthe lokhu kungathobeli, uhwebo ngezimpahla zomgunyathi kanye nezenzo zobugebengu kubulala umnotho kuphinde kuholele ekulahlekeni kwemisebenzi, ukungalingani kanjalo nobumpofu.

“Okubaluleke kakhulu ukuthi lezi zenzo zinciphisa imali engenayo eqoqwa uSARS ukuze ukwazi ukusiza uhulumeni akwazi ukuhlinzeka ngezidingongqangi kubantu

abasengcupheni ezifana nezibonelelo zezimpesheni zobudala, izikole, imitholampilo kanye nezinhlelo zokugonywa kwabantu ukuze kubhekwane nobhubhane lwe-Covid-19.

“Sizoqhubeka nokuqapha futhi sime ekutheni alufakwa uma kuza ohwebeni olungemthetho kunoma yimiphi imikhiqizo ngoba yilokho okuyisidingo somyalelo wezomthetho kithi,” kusho uMnu. Kieswetter.

IYAPHELA

Ngolwazi olwengeziwe sicela uxhumane ne Sarsmedia@sars.gov.za